Inkanyiso, 16 July 1891

| | |
|---|---|
| NEWSPAPER: | *Inkanyiso* |
| DATE: | 16 July 1891, p6. |

OFFENSIVE WORDS/TERMS: zamaKula

(Ku Mhleli we *Nkanyiso.)*

MNGANE, -Ake ungivumele epepeni lako ngenanele endodeni yakiti u Mlamula-nkunzi. Uti: "Asihlangane ngegama libe linye sondhle abafundisi betu." Impela, Mlamula, lelo'zwi lako belingalalelwa uma abakiti bebe amadoda afana nezinye izinhlanga; kepa po loku tina sinje, kuyakwenziwa njani na? Indaba enjalo kambe, nami ngikala nje, bengifuna ukuba ngitole kona ukululeka okufana naloko. U Mr. T. Sibisi kambe sekade ayekalela izwi elinjalo, ukuba kuti amadoda apete umsebenzi we Nkosi abe nomhlangano, kona kungalungiswa zona lezi zindaba ezinjengale; futi singeziqalele ngokwetu indaba enjalo singasekelwe zinhloko zetu, ngitsho bona obaba betu. Usalulekile-ke lapa, pinda ululeke uhlanga lwakini olutshonayo, ngiyakubonga.

Endabeni ka Mpazima no Xaba, uti u Fakazi: "Ngokukala, leyonto akufanele ukuba ikumangalise; inxa umuntu ependuka ekala esontweni, ngoba ukala nje uhlatshwa izwi lika Nkulunkulu, ngasemva kwokukala uyakutola ukujabula sezipumile izono esetole ukuyekelwa."

Kanti ngingazi nje izono lezi zinyembezi ezipuma kumuntu, akusiyo imigidi yomuntu. Po! uma u Fakazi etsho njalo mina ngiti yiwo uqobo lowo umkuba wabaFarisi, ngoba laba abakalayo, noma besesontweni noma besendhle, bakala ngokumemeza okukulu ukuba bezwakale kubantu, njengabaFarisi, kabakali esita nangesinyenyela. Lapo-ke bayaleqa elenKosi lokuti, uma ukuleka unganyukumalisi ubuso, funa ubonwe ngabantu, "vala umnyango," "gcoba ikanda," "geza ubuso," ukulekeke ku Yihlo ekusitekeni, oyakukuvuza kube sobala.

Uti futi u Fakazi: "Ukukuleka endhle siyezwa ukuti no Jesu uqobo lwake wayekuleka pandhle noma kungesendhlini." Kepa uyalazi u Fakazi elokuti, "izimpisi zasendhle zinemigodi yokulala, nezimpungutsha zinemihume; kodwa inDodana yomuntu ainandawo yokufaka ikanda." Uyazi kahle u Fakazi ukuti Yena wayengenawo umuzi, wayezingelwa njengenyamazane kuyo yonke inkati yokuhlala kwake lapa emhlabeni. Ngiyabapikisa bobabili o Xaba no Fakazi, ngivumela u Mpazima. Akusiyo imfundiso yeNkosi leyo, ngitsho nabanifundise lowo mkuba, abamhlope, abakutatelanga kwabakubo, ngoba impela akwenziwa loko kubelungu.

U Thos. Zulu usibikela umkuba omubi osoukona kule'nkati, ngezinyanga zamaKula nabaTshweki, osokulete imfudumalo pakati kwezwe. Kodwa u Thos. Zulu ushiya linye nje lokuti, sokukona nabafazi aba izinyanga ezingaqondakaliyo, ngitsho nasezikoleni sekunjalo, nohlala nihlale nize niyibone mhlaumbe indaba enjalo – njengakwezinye izindawo-yabafazi abanemiti emibi. Bayitata kuzo lezi zilwane. Sasitemba ukuti u Rulumende uzakwenza umteto ukuba zonke izinyanga zaziwe nguye, kanti qa.

MAGEMA MAGWAZA

TRANSCRIBER:

